# UMbusiso Okhohlwakele

. . . siyaKubonga ngokusuka ezinjulweni zenhliziyo yethu, ngeNkosi uJesu, OngukuPhila kwethu, futhi kuYe asifumani-phutha. Kodwa sithola kithi uqobo, iphutha, lapho sibuka empilweni yaKhe futhi sihlole, eyethu ngeyaKhe, sikhulekela ukuthi Usithethelele.

2 Siyacela, kulobubusuku, ukuthi Uzohlangana nathi. Wethembisa ukuthi lapho ababili noma ngaphezulu beyohlangana ndawonye, ukuthi Uyoba phakathi, futhi uma besingacela noma yini, ukuthi sizophiwa yona.

3 Futhi, Baba, injongo yethu—yethu nempokophelo yethu, kulobubusuku, nokulangazelela kwethu enhliziyweni yethu ngukubona uKristu ekhazimulisiwe. Ngakho sikhulekela ukuthi imizamo yethu kulobubusuku izoba njalo, njengoba iqhubeka, ukuletha abantu ekukholweni okuphilayo kuNkulunkulu ophilayo, ukuthi, uNkulunkulu ongafile, kodwa ophila kuze kube phakade.

4 Siyakhuleka Baba, ukuthi Uzoshukumisa imiphefumulo yethu kulobubusuku, ngoBukhona baKho, ngoJesu Kristu, siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

5 Ningahlala phansi. Kuthe nje ukuba leyithi kancane futhi nje ngithe ukukhathala kancane, kade ngihamba kusukela ngoKhisimusi ngaphandle kokuyekethisa, ngakho-ke ngikhathele impela. Ngijabulile, kulobubusuku, ukubona uMfowethu Joseph Boze, ebengibheke ukumbona isikhathi esithile, ebuya emasimini ngaphesheya kolwandle.

6 Futhi ngiyaxolisa ukusho, kulobubusuku, ukuthi umfowethu nomngani wethu oligugu, lapha, uMfowethu Tommy Hicks, uyasishiya kulobubusuku eya, noma, kusasa ekuseni eya eCanada ukuba abe nomhlangano. Ngizamile ukumthola ukuba aphume futhi angishumayelele kulobubusuku, ngoba bengikhathele kakhulu, noma kuphakathi kokuthi ngibe nomugqa womkhuleko, wa—wangihlehlisa, ngakho, futhi wathi, "Ngesikhathi esilandelayo, ngesikhathi esilandelayo." Futhi—futhi ulokhu engitshela lokho.

7 Futhi ngi—ngiyazi ukuthi uMfowethu Tommy Hicks unjalo, nginakho, izinsuku engibe nazo naye, nezikhathi, nenhlanganyelo, impela nginethemba elikhulu kuTommy Hicks, lokuba yinceku kaNkulunkulu ophilayo. Uphisi omkhulu wobuciko odlula konke engingakholwa ukuthi bekungabakhona noma ubani obengasho noma yini ngokumelane nokuhola kukaMoya oNgcwele kuMfowethu Hicks. Ngokuba nje wayeyi . . . Ngoluny'usuku ngenkathi e . . . Nezwa ngomlayezo wakhe uya e-Argentina, futhi wayengenayo ngisho nemali

yokuhamba, kodwa iNkosi yamthuma, futhi, o, niyazi ngomhlangano. Futhi umuntu ongazinikela kuNkulunkulu kanjalo!

8 Niyazi, uNkulunkulu angasebenzisa kuphela lokho ingxenye yakho, oyinikela kuYe. Niyabo, njengoba ngishilo, ngiyakholwa, ngolunye usuku, ndawondawo, ngikhuluma kakhulu ezindaweni ezehlukene, ekuseni, nemihlangano yantambama, nokunye, kodwa ngishilo lokhu, ukuthi uNkulunkulu angakusebenzisa okunikelayo, njengoSamsoni. USamsoni wayengeke anikele inhliziyo yakhe kuNkulunkulu, unika leyo uDelila, kodwa wanikela amandla akhe kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wayengasebenzisa amandla akhe kuphela, yilokho kuphela.

9 Kodwa uma umfo enganikela kuphela ubuyena obuphelele kuNkulunkulu, manje yilokho-ke. Uma unganikela ngomzimba wakho—wakho, uNkulunkulu uzosebenzisa umzimba wakho. Uma unganikela ingqondo yakho, inhliziyo yakho, noma ngabe kuyini, uNkulunkulu uzosebenzisa lokho oMnika khona ukuba akusebenzise. Ufuna ukuthola umuntu Angamthola ezinikele kanjalo.

10 UNkulunkulu abe nawe, Mfowethu Tommy, akuphe enkulu, impumelelo enkulu. Sizokukhulekela ezinkonzweni zakho lapho. Futhi ngizoba seCanada, futhi, ezinsukwini ezimbalwa, kodwa phezulu ngakolunye uhlangothi, ngakho... Akuphe impumelelo enkulu nohambo oluphephile. [UMfowethu Tommy Hicks uthi, "UNkulunkulu akubusise."—Umhl.] Si... Ngiyabonga. Nawe, Mfowethu Tommy.

11 Sibe nesikhathi esimnandi kulokhu ukusa enhlanganyelweni ngasetafuleni likaNkulunkulu kulokhu ukusa e, lapho esicele khona isibusiso futhi saba nesidlo sasekuseni sabefundisi, okokuqala ngibe nenhlanhla yokuhlangana neqembu labefundisi balelidolobha. Futhi ngempela ngithole amanye amadoda amakhulu, izinceku ezinkulu zikaKristu ezinezinhliziyo ezinkulu, zifinyelela kuNkulunkulu.

12 Futhi ngithemba ukuthi sizo, ngesinye isikhathi, singabuyela emuva lapho sinendawo egcwele, sonke ndawonye, nomhlangano omkhulu wenhlanganyelo futhi—futhi sibe nomhlangano omkhulu sonke ndawonye, lapha eChicago.

13 Manje, bekukhona, izolo kusihlwa, ngicabanga ukuthi besikhulekela abagulayo. Futhi ngeSonto ntambama, ngishumayele ngendaba ethi *U-Abrahama NeNzalo Yakhe Emva Kwakhe*. Izolo ebusuku, ngishumayele ngendaba ethi *IZindaba Ezinkulu Kunazo Zonke Ezisemqoka Ezake Zagadla Emhlabeni Emlandweni*.

14 Futhi kulobubusuku, uma nizophenya emiBhalweni, uma nikhathalele ukukwenza, kuMathewu isahluko 11 nevesi 6, ngizofunda lamazwi:

> *Ubusisiwe, ongayikukhubeka ngami.*

15 Ngizobiza lendaba ngokuthi *UMbusiso Okhohlwakele*.

16 Sonke sijwayelene neMibusiso. Ngale e—eNcwadini kaMathewu isahluko 5, uJesu wafundisa iMibusiso ngenkathi Ethatha abantu futhi wenyukela entabeni, ngaphambi nje kokuqala, noma, lapho nje inkonzo yaKhe iqalile, Waba nguMholi wabo. Futhi Wenyuka futhi wafundisa iMibusiso, futhi waqala, "Nibezwile bethi, abasendulo, kodwa Mina ngithi kini," kanjalonjalo.

17 Manje, uJesu wayengumfanekiso ophelele we, noma, uMose wayengumfanekiso kaJesu; uJesu wayeyisiFanekiso sikaMose. UMose wayengu—umprofethi, wayengumnikezeli-mthetho, wayewuhlobo olufana nenkosi phezu kwabantu ehlane, u-Israyeli. Futhi wazalwa engumprofethi, wafihlwa kuFaro, njengoba nje uJesu afihlwa eMbusweni wamaRoma, futhi yena, inkonzo yakhe nokuphila kwafanekisa nje. Futhi uMose, ngenkathi ethola abantwana bakwa-Israyeli ehlane, wenyukela phakathi, entabeni futhi wathola imiyalo, wehla futhi waqala ukufundisa imiyalo.

18 Futhi uJesu, ngenkathi Engena emandleni aKhe, Wenyukela entabeni wayesehlala phansi wayeseqala ukufundisa abantu, "Babusisiwe abahlanzekile enhliziyweni, bayakubona uNkulunkulu. Babusisiwe abampofu emoyeni, uMbuso kaNkulunkulu ungowabo. Nibusisiwe lapho nithukwa, futhi nihlushwa, futhi kuhlekiswa ngani, kanjalonjalo, ngokuba babazingela abaprofethi abanandulelayo. Jabulani futhi nithokoze kakhulu impela, ngoba umvuzo wenu mkhulu eZulwini."

19 Wayefanekisa uMose impela, noma, umfanekiso kaMose wawungumfanekiso waKhe. Futhi sonke sijwayelene naleyomifanekiso yalokho uMose ayeyikho nokuthi uJesu wayeyini, efundisa iMibusiso. Kodwa loMbusiso uqhubeka ngale esahlukweni 11 nevesi 6, futhi uma ungabheki, uzofunda ngqo phezu kwakho futhi ungeke ukuthole. Uminyanisene phakathi kwamanye amagama, kodwa kunguMbusiso. Futhi Wathi, "Futhi ubusisiwe, ongayikukhubeka ngaMi." Niyabo?

20 "Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo. . .Babusisiwe abalamulayo. . .Babusisiwe. . .Babusisiwe. . ." Futhi le ngapha, Ungenisa ngesinyelela loMbusiso futhi, niyabo, "Busisiwe. . .Futhi, ubusisiwe, ongayikukhubeka ngaMi." O, kwakuyisikhathi esikhulu, ngalezozinsuku.

21 Manje, sithola ukuthi okubangele lokhu ukuba kuqale, kwakusemva nje kwenkonzo yalona omkhulu, omahlikihliki, u-Eliya weTestamente eLisha, uJohane umBhaphathizi. Futhi yilowo uMlayezo owathunyelwa kuye. Futhi uJohane wayekade efakwe etilongweni ngenxa yenkonzo yakhe. Futhi o, wayengumfo omahlikihliki kanjani uJohane! Futhi ngempela

waye, ngokweqiniso, "isithunywa" uJesu athi, "esiyakuhamba phambi kwaMi." Futhi wayeyindoda yangaphandle.

22 Futhi kanjani, ngenkathi bembamba, wayefana ngokuphelele no-Eliya, umoya wakhe owawugcotshiwe, wayengu-Eliya ogcotshiwe weTestamente eLisha. Kanjani ukuthi u-Eliya wayeyi—uhlobo lwendoda eyayingayithandi indlela uJezebeli, abesifazane ababenesimilo esibi, ababephila ngayo, noJohane, into efanayo; no-Eliya wayehlala ehlane, uJohane, into efanayo; uJohane wayethi ukuma yedwa, njengoba kwenza u-Eliya nje. Naleyo enkulu, indoda emahlikihliki evela ehlane, yase-ke imfaka ezansi kwelidala elikhuntile, elimanzi, etilongweni elisokeme.

23 Lokho kufanele ukuthi kwaba yisehlakalo esesabekayo kuJohane, indoda eyayikade ikhululekile, phandle ehlane, enokudla kwakhe ngesikhonyane, nezinyosi, nohambo lwasehlane, phandle lapho lapho ayengabulala khona lokho akudlayo, noma athathe ayekufuna ehlane, futhi manje usezansi kwelidadlana elikhuntile, itilongo elingcolile, mhlawumbe elimnyama, etilongweni elingumgodi ndawondawo, ngoba lowonkosikazi, uJezebeli, ka, uHerodiya wayemphose phakathi lapho ngenxa yokuthi wayemtshelile ukuthi kwakungalungile kuye ukuba athathe, uHerodi, ukuba athathe umkamfowabo uFiliphu, futhi ahlale naye, kwakungekho emthethweni ukuba yena akwenze.

24 Futhi uJohane wayengomunye walawomadoda ayengancengi, wavele wamdedela wandiza, akwenzanga mehluko kuye, uma kwakungukunqunywa ikhanda, kwakungukunqunywa ikhanda, yilokho kuphela. Njengo-Eliya nje, wayeqonde phambili ngqo nalokho ayezokusho, okwakulungile, kwakulungile, uma kwakuyiphutha, kwakuyiphutha.

25 Nkulunkulu, sidinga okuningi okunjalo namhlanje, amadoda azoma ezinkolelweni zangokoqobo zangempela zeZwi likaNkulunkulu. Likhulume futhi ungathuli, Likhulume lizwakale.

26 Futhi khona-ke sithola lapho ukuthi uJohane, ezansi kuleli elidadlana, elikhuntile, itilongo elingcolile, nesinkwa esingcolile mhlawumbe babeyosiphosa kuye kanye ngankathi, cishe wayesezacile, futhi kungekho ndlela yokufunda iBhayibheli lakhe, futhi wayeyo, wathola uhlobo lokuthi, okwakhe, njengoba omunye umbhali abhala ngaye ngesinye isikhathi, wathi, "Iso lakhe lokhozi lafiphala."

27 Niyazi abaprofethi bafaniswa nezinkozi, noNkulunkulu ubiza abaprofethi baKhe ngezinkozi. Yingoba ukhozi lunamandla kakhulu kunazo zonke izinyoni. Futhi ukhozi lungaya phezulu, lundizele phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni, futhi luneso elingcono kunanoma iyiphi enye inyoni.

28 Bakhuluma ngoklebe uneso, noma, noklebe ukwazi ukundizela phezulu emoyeni, ngani, uma uklebe ubungazama ukulandela ukhozi, ubuyobuthuka emoyeni, impela ubuyokwenza. Futhi manje, kuzolusiza ngani ukhozi ukwenyukela lapho uma lungenalo *iso* elenele lokubona, lapho, emuva phansi emhlabeni futhi na?

29 Kufana nje nokuthi uma, senzani sigxumela phezulu uma singazi ukuthi sigxuma mayelana nani na? Niyabo? Futhi yini esifakaza ngayo phezulu, noma senza inqwaba yomsindo uma singenalutho esingabanga umsindo ngalo na? Niyabo? Futhi kwehlukile manje, umsindo ukahle uma unokuthile ozokwenza umsindo ngakho, kodwa linda kuze kufike lokho kuqala, futhi kuyoba ngumsindo yonke impilo yakho ngaleyonkathi.

30 Kodwa sithola ukuthi leliso lokhozi lase lifiphele, ngoba babemkhiphile endaweni yakhe yokuhlala ehlane, futhi babemfake phansi kwelidala, itilongo elikhuntile, nalendoda enkulu eyayingaba wukhozi ukundiza phezulu emoyeni.

31 Manje, uma uthola ukuphakama kakhudlwana, ungabona kude kakhulu. Bayasukuma manje kulawamabhaluni nezinto, ukuze bakwazi, phezulu kakhulu emoyeni, ukuthi bangathatha isithombe somhlaba wonke, ekugobeni kwawo. Futhi ngiyacabanga, kulomshini wesayense iRashiya enayo, banganqamula umhlaba wonke cishe ngehora nemizuzu engamashumi amane nanhlanu, ngani, bangathatha yonke ibhayisikobho yawo uphenduka. Kodwa, uma uphakama kakhudlwana, ungabona kakhulu.

32 Ngakho-ke, abaprofethi eBhayibhelini, babeyilezozinkozi ezazikwazi ukundiza phezulu *le* nangaphezu kwebandla, futhi zithole ukuthi u-ISHO KANJE INKOSI wayeyini, bese-ke zibuya phansi zilethe izindaba. Niyabo? Ngakho-ke iZwi leNkosi leza kubaprofethi. Futhi uJohane evalelwe esibiyelweni, ngani, kwafiphalisa leloso lokhozi nya.

33 Ngadabuka kakhulu, ngesinye isikhathi, ngokhozi olukhulu. Futhi angikwazi nje ukumela ukuya endaweni yokugcina izilwane, ukubona lezozinto bandla zibiyelwe, amabhubesi, futhi, ukuthi kukudilikajele kanjani nje. Futhi uSarah omncane nami, ngesinye isikhathi, endaweni yokugcina izilwane eCincinnati Zoo, ngapha, ngangihambahamba, nomama wayelungisa idina lethu. Sasiphezulu nabantwana, phezulu lapho, bayathanda ukugibela isikebhe esincane futhi babone izinkawu nokunye. Ngakho sasihambahamba ngenkathi umama esalungisa idina.

34 Futhi ngezwa umsindo, futhi ngehlela phansi ekugcineni kwegqumа ukubona ukuthi kwakuyini. Futhi babesanda kubamba ukhozi olukhulu futhi babelufake esibiyelweni. Futhi ngabuka lowomfo bandla lapho, futhi wayopha lonke ikhanda lakhe, nezimpaphe zonke zazishaywe zasuka ekhanda

lakhe futhi zasuka ekugcineni kwamaphiko akhe. Futhi ngabheka umfo omkhulu ehamba enqamula lapho, khona-ke nantu luza, luzama ukundiza, njengoba ukhozi lwenza. Futhi lwalushaya ikhanda lalo kuleyomigoqo, futhi ilushaya luhlehle, futhi luwele kwiphansi, futhi lulale lapho bese lugunquzisa lawomehlo amakhulu ngapha nangapha, bese lubuka phezulu *kanjalo*. Luphinde lubuyele emuva futhi, futhi nantu lwaluza futhi luzishaye kuleyomigoqo futhi, futhi igazi nezimpaphe kushayeke kwaphuma kulo, futhi lwalulala ngomhlane walo, lugunquzisa lawomehlo amakhulu futhi lubuke phezulu.

35 Ngani na? Lwaluyinyoni yasezulwini, lwalubuka phezulu lapho olwalufanele lube khona. Kodwa amanye amacebo obuqili bomuntu ayelufake esibiyelweni. Futhi ngacabanga ukuthi lokho kwakungukubukeka okwesabeka kakhulu, okudabukisayo. Ngangiyoluthenga lolokhozi ukuba ngangi—ukuba ngangifanele ngithathe umnikelo wami wokuqala ukuba—ukuba ngiluthenge lolokhozi, ukuba ngilukhulule.

36 Ngacabanga, "Lowomfo bandla," ngacabanga, "he, uma lokho kungekubi kakhulu, ukuthi, lwazalelwa ukuba yinyoni endizayo ezulwini, futhi nantu ngamaqhinga abantu, lubiyelwe ngqi, futhi nje lushaya ubuchopho balo buphume, kodwa luvalelwe esibiyelweni." Ngacabanga, "Lokho ngukubukeka okwesabeka kakhulu engake ngakubona."

37 Ngase ngiphenduka ukuba ngihambe, futhi ngacabanga, "Yebo, lokho ngukubukeka okwesabekayo, kodwa ngibone into esabekayo kakhulu kunalokho, ukubona abesilisa nabesifazane abazalelwa ukuba babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu bebiyelwe esibiyelweni ohlobweni oluthize lwesibiyelo, lapho khona-ke bebuka phezulu futhi bazi ukuthi kukhona uNkulunkulu waseZulwini, bazi ukuthi UnguMphulukisi omkhulu, neNkosi enkulu, noMsindisi omkhulu, bese-ke befaka olunye uhlobo lwesibiyelo sobufundisi, lapho beshaya khona nje ubuchopho babo ngazo zonke izinhlobo zezinhlangano zomphakathi, nakho konke okunye, futhi bangalokothi bakwazi ukuphuma esibiyelweni."

38 Leso yisimo esidabukisayo. Batshele bonke ngoNkulunkulu omkhulu owayekhona, futhi ubakhele ngaphansi kwamathemba okulindela, bese-ke ushaya yonke into iphume ngaphansi kwabo, "Wafa futhi wafakwa ethuneni futhi yilokho kuphela okwakho, Akasenjengoba Wayevamise ukuba njalo." Lokho ngukubukeka okubi, ukubona abantu, abesilisa nabesifazane abazalelwa ukuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu futhi babiyelwe esibiyelweni ezintweni ezinjengaleyo.

39 UJohane, iso lakhe lokhozi ngempela lase lifiphele. Futhi uJohane waba nokukhandleka. Yena no-Eliya wayeyinqwaba yokufanayo, ngoba umoya ofanayo wawuphezulu, lena, indoda ehlukile. Niyabo, uNkulunkulu akawuthathi neze umoya wakhe,

Uthatha umuntu waKhe nje. UNkulunkulu wathatha u-Eliya, wathatha umoya ka-Eliya wase ewufaka ku-Elisha, wase-ke Ewususa ku-Elisha, wase ewufaka kuJohane, futhi wethembisa ukuwubeka futhi nje esikhathini sokuphela, omunye eza esikhathini sokuphela, omunye u-Eliya. Okungukuthi thina sonke, njengabafundi beBhayibheli, siyazi ukuthi lokho kwethenjisiwe kithi.

40 Manje, siyathola, khona-ke, ukuthi udeveli uthatha umuntu wakhe kodwa lutho neze umoya wakhe, futhi nje uwugcina wehla ngqo ngendlela efanayo nje. Futhi sithola ukuthi labo ababili bandawonye.

41 Futhi sithola ukuthi—ukuthi u-Eliya noJohane babefana kakhulu. Babengamadoda anokwethuka ngempela, bobabili bacishe baba nokuphazamiseka kwemizwa, bobabili. Futhi amadoda ahlala eduze noNkulunkulu athathwa kakhulu ngokuthi aguliswa yimizwa noma kukhona okuthile okungalungile ngawo. Kunjalo, athathwa kanjalo.

42 UPawulu, kulokhu ukusa, ngenkathi ngikhuluma neqembu labefundisi, U-Agripha wathi kuye, noma, uFestu wathi, "Ukufunda okuningi kakhulu kukwenza usangane, noma uhlanye."

Wathi, "Angisangene, angihlanyi, ngiswangulukile." Niyabo? "Futhi ngi—ngikahle."

43 Futhi uku, bayasho, njengoWilliam Cowper, ngikholwa ukuthi kwakunguye, ngenkathi ngimi ethuneni lakhe lapho eLandani, futhi wabhala leloculo elidumile:

> Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala,
> Kusuka lonke ibala lazo lecala.

44 Leyondoda yayiphefumulelwe kakhulu yaze yona, kamuva, yazama ukuthatha intambo futhi izilengise, intambo yagqashuka. Yazama ukuya emfuleni ukuyozibulala, netekisi ayikwazanga ngisho nokuwuthola umfula, kwakunezinkungu kakhulu.

45 Futhi nje ukukhombisa ukuthi lokho kuphefumulelwa kuyibamba kanjani indoda, kuyihlwithe, khona-ke lapho iphuma kulokho, njengoStephen Foster, wanika lesisizwe amaculo aso omdabu amakhulu kunawo onke, *Old Black Joe*, *Down On The Swanee River*, *Old Kentucky Home*, ngaso sonke isikhathi lapho ethola khona ukuphefumulelwa futhi abhale iculo, khona-ke wayethola ukudakwa, ekugcineni, wangena ngaphansi kwe, waphuma ngaphansi kokuphefumulelwa, futhi wabiza inceku futhi wathatha ireza futhi wazibulala.

46 Futhi ngicabanga ngoJona umprofethi, uNkulunkulu ephefumulela lolokhozi olukhulu emoyeni langalolosuku. UNkulunkulu wamphefumulela *kanjalo*, waze wehlela lapho futhi walala esiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, waphumela ogwini futhi wanikeza umlayezo owenza ngisho nalabobantu bambathise indwangu yamasaka ezilwaneni zabo. Futhi ngenkathi uMoya usumshiyile, wenyukela esiqongweni segquma, wayesehlala phansi wayesecela uNkulunkulu ukuba amvumele afe. Kunjalo.

47 Sithola lo-Eliya omkhulu, uJohane ayengumfanekiso wakhe, ukhozi olukhulu lwalolosuku, enamandla, indoda emahlikihliki, indoda enkulu yasemahlathini, yayihlala emahlathini emgedeni, futhi yaphuma, yagxoba yangena phakathi kwabantu, futhi uNkulunkulu wayezoyinyusela ezindaweni u-Israyeli ayengazi lutho ngazo, futhi amemezele umlayezo futhi athi, "Ngu-ISHO KANJE INKOSI," bese egqishazela ebuyela ehlane futhi.

48 Ukuthola lolokhozi olukhulu, ngenkathi lugxoba phandle lapho futhi lwatshela leyonkosi, "Akuyikubakho ngisho amazolo avela emazulwini, kodwa ngokwezwi lami." Wahamba wabuyela ngqo phandle lapho, ngenkathi ehamba ehla ngalowomgwaqo waseSamariya ngalolosuku, leyonduku esandleni sakhe, lesosiqeshana sesikhumba semvu ezisonge ngaso, lelokhanda elinempandla licwebezela, ubuhwanqa bulengela phansi, lezozitebhisi ziqine nje njengoba zazingaba njalo, ehla ngalowomgwaqo waseSamariya.

49 Kodwa wayazi ukuthi wayekade eseBukhoneni bukaBani. Wayengesabi lokho u-Ahabi ayezokusho, ngoba wayekade eseBukhoneni boMuntu othize omkhulu kuno-Ahabi. Wayekade eseBukhoneni, futhi wayeno-ISHO KANJE INKOSI. Lawomehlo amadala, ehlezi emuva lapho, naleyomibimbi, wayebuka ngqo ngasesibhakabhakeni, wayehamba enganyakazi, ngoba wayazi ukuthi wayeno ISHO KANJE INKOSI.

50 O, wayewukhozi. Wenyukela esiqongweni sentaba, futhi wadakwa emfudlaneni lapho waze woma, wayesebuyela emuva ezansi lapho wayesebiza u—umhlangano, ngenkathi uNkulunkulu emnika umbono, wenyukela esiqongweni sentaba, wayesethi, "Asifakazise ukuthi Ubani uNkulunkulu. Ake sibone ukuthi Ubani uNkulunkulu. Uma Wayelokhu enguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu." Kunjalo. O, ngiyazithanda lezozinkozi. Yebo, mnumzane.

51 Wenyukela lapho wayesethi, "Uma E. . .Ake sifakazise uNkulunkulu," futhi wathi, wabiza indlela uNkulunkulu amtshela ngayo umbono, wathi, "thatha inkunzi, futhi—futhi ngizothatha inkunzi, futhi nibize uBali, futhi ngizobiza uNkulunkulu, futhi noma ngabe yimuphi ophendula ngoMlilo, Makabe nguNkulunkulu."

52 Futhi ngenkathi wayeqiniseke kakhulu ngaye uqobo, eqiniseke kakhulu ngombono wakhe, ngenkathi bebiza oBali konke ukusa futhi bezisika, futhi bedazuluka, futhi begxuma, wahambahamba, wathi, "Awusho, mhlawumbe kungcono nimpongoloze kakhudlwana, mhlawumbe uyasashaywa umoya, noma mhlawumbe uthatha isihlwathi." Niyabo? O, wayazi lapho ayemi khona. Kwakunjalo!

53 Kodwa emva kokuba esefakazise uNkulunkulu, iso lakhe lokhozi lafiphala, futhi ngenkathi uJezebeli esongela ukuthi wayezombulala, wagijimela ehlane. UNkulunkulu wathola inceku yaKhe ilele ngaphansi kwesihlahla somjunipha, igijima, emva kokuba yayifakazisile ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu.

54 Ukwethuka, ukuphatheka kabi, lapho wenyukela kulezozimbulunga, kwenza okuthize enhliziyweni yomuntu. Lapho wehla, u—ungeke wakuchaza, kukuyisa ndawondawo, asikho isidingo sokuzama ukukhuluma ngakho. Imibono nokunye nokunye okukudabula ube yizicucu, ungeke wabatshela abanye abantu, abakuqondi. Abakaze babe lapho, ngakho ubuyokwazi kanjani ngakho na? Ngakho, kuyabadabula babe yizicucu.

55 UNkulunkulu, enomusa kakhulu encekwini yaKhe, nokho, ukuyondla nokuyikhuthaza, futhi phandle ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Kodwa emva kokuba wayekade enethemba elikhulu kuJehova, *eqiniseke* kakhulu, ukuthi wayengakhuphukela phambi kwenkosi, futhi wathi, "Akukho ngisho amazolo azokwehla, kodwa ngokwezwi lami." Wagqishazela waphuma ngqo esigodlweni senkosi, egcotshiwe.

56 Khona-ke waba nombono wokuthi akenzeni. Wase-ke ephumela ngqo lapho kuleyontaba wayesethatha, wayesebiza uMlilo wehle emazulwini, efakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu, khona-ke wabiza imvula yehla ivela emazulwini ngosuku olufanayo, wase-ke ebulala amadoda angamakhulu amane, abapristi, abapristi abangabahedeni, wanquma amakhanda abo, wase-ke egijima ngenkathi umbono usumshiyile.

57 Ethukile, ehlezi phandle lapho, wathi, "Angingcono kunabo bonke obaba bami. Angingaphezu kwanoma yimuphi wabanye abaprofethi. Manje, Nkosi, thatha impilo yami, Yimina kuphela osesele, yimina ngedwa oshumayela iVangeli eliqinisile, ngakho nje thatha impilo yami, mangihambe." Bonke bathola ukuxakeka kanjalo.

58 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Qhabo, Ngi—Ngi—Ngine—Nginezinkulungwane eziyisikhombisa ngaphezulu, ezazingakaze ziguqe ngamadolo kuBali okwamanje." Niyabo? Niyabo? "Kodwa mina, lokho kulungile Eliya, wenza umsebenzi

omkhulu, kodwa ngi—ngisenaso esinye isigejane," niyabo, "ongasazi namanje."

"Kodwa thatha impilo yami. Angingaphezu kokuba obaba bami babenjalo, abaprofethi ngaphambi kwami. Mangife."

59 Futhi lapha, uJohane, okuningi kakhulu njengaye, elele phansi lapha etilongweni, ezihlela kahle, emva kokuba wayemile ezingwini zaseJordani, ephuma ehlane, wemukela uMoya oNgcwele esizalweni sikanina, izinyanga ezintathu ngaphambi kokuba azalwe. Impela wakwenza.

60 Kanjani na? Ngenkathi ezwe kuqala iGama likaJesu Kristu, ngenkathi uMariya enyukela lapho, futhi wayenakho, akakabi, wayengakaze ezwe lutho, iNgelosi yayisanda kumsibekela nje, uMoya oNgcwele wawumtshelile. Wasuka waya eJudiya, futhi waye, e, watshela u-Elizabethe, ukuthi wayezoba ngumama, wayesethi, "UNkulunkulu ungisibekele, futhi ngizoba noMntwana, futhi wathi ngizobiza iGama laKhe ngoJesu."

Futhi uJohane omncane wayenezinyanga eziyisithupha, vele, u-Elizabethe wayenjalo, ebumameni bakhe, ukukhulelwa, futhi wayengakakuzwa ngisho ukuphila.

61 Futhi ngakho ngenkathi esamile, ebuka ubuso bukaMariya, noMariya emtshela lokho uMoya oNgcwele owathi kwakuzokwenzeka (Futhi wayekhulume ngesehlakalo ayekade enaso, owesifazane omdala wayekhulelwe, kwase kuthi-ke umyeni wakhe washaywa kanjani waba yisimungulu.), futhi esami lapho, futhi wathi, "Ngi—ngizoba neNdodana futhi ngibize iGama laYo ngoJesu," futhi kwathi nje leloGama eliligugu, elikhazimulayo likaJesu lakhulunywa okokuqala odebeni lomuntu, encane, ingane efile ilele esizalweni sayo, yagxuma, futhi yaphila, yase yemukela uMoya oNgcwele, esizalweni sikanina.

62 Wathi, "Uvelaphi umama weNkosi yami na? Ngokuba kuthe nje lapho ukubingelela kwakho kufika ezindlebeni zami, ingane yami yagxuma ngokujabula esizalweni." NeBhayibheli lathi wazalwa esizalweni sikanina egcwele uMoya oNgcwele.

63 Indoda ebizwe nguNkulunkulu, yaphumela ehlane ineminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, ingenamfundo, yasuka yayongena ehlane futhi yayingumuntu wasemahlathini.

64 Eseneminyaka engamashumi amathathu ubudala, waphuma ehlane eshumayela uMlayezo onjalo kaMesiya ozayo, ukuthi wazamazamisa izifunda. Futhi wayengayesabi imfundiso yabaFarisi, wathi—wathi, "Nina zinyoka otshanini, ningezi ngapha nithi, 'Sino-Abrahama ongubaba wethu.' Nina nzalo yezinyoka, ubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na?" O, he. Wayenesihluku.

65 Wathi, “Nginitshela ngoMesiya ozayo ephethe imbenge yokwela esandleni saKhe,” amen, “Uyosihlanzisisa isibuya saKhe, Uyoyisa ukolo waKhe enqolobaneni, futhi Uyowashisa amakhoba ngomlilo ongacimekiyo.” Whewu! Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani.

66 Manje, kodwa ngenkathi loMesiya ekugcineni efika, ngenkathi uMesiya ekugcineni efika, noJohane waba nokuhlonishwa kokuMbhaphathiza, Wafika nje—nje impela nje, zonke izibonakaliso zaziqinisile, Wakhombisa isibonakaliso sobuMesiya, noJohane wayekwazi lokho, ukuthi WayenguMesiya, lowo nguMesiya, akukho kungabaza ngakho. UJohane wathi, “Ngabona leyoNsika yoMlilo, ukuKhanya kwehlela phezu kwaKhe ngesimo sejuba, iPhimbo likhuluma livela kuleyoNsika yokuKhanya, lithi, ‘Lo uyiNdodana yaMi eThandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo.’”

67 Wayazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, uJohane wathi, “BengingaMazi, kodwa Yena, wayesehlane, wathi angihambe ngibhaphathize ngamanzi, wathi, ‘Lowo oyobona uMoya wehla futhi uhlale kuye, NguYe oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.’ Futhi ngineqiniso ukuthi nguYe lona.” Ngakho wakuqhumisa.

68 Kodwa ngenkathi kungena inkathazo, uJesu uyafika futhi wakhombisa uMesiya, ukuthi WayenguMesiya, kodwa khonake kukhona okungahambanga kahle. UJohane wayethule uMesiya nembenge yokwela esandleni saKhe, ezoshisa amakhoba. Kodwa wathola imisebenzi kaJesu, Wayemnene futhi ethobekile. Ngakho kwamkhathaza. Wayengazi—wayengazi ukuthi uzothini. Wa—wacabanga, “Manje, kukhona okungalungile lapha ndawondawo.” Kwakubonakala sengathi waye—wayekholwe into engalungile, kwakubonakala sengathi yayingasebenzi kahle.

69 Futhi kunezikhathi eziningi esicabanga ngazo, futhi, ukuthi akusebenzi kahle. Kodwa kusebenza kahle. Inqobo nje uma sazi ukuthi Ulapha, kwenza mehluko muni na? Kusebenza kahle. Mhlawumbe akusebenzi ngendlela esicabanga ukuthi bekufanele kusebenze ngayo, kodwa kusebenza ngendlela uNkulunkulu afuna kusebenze ngayo.

70 Wena uthi, “Awu. . .” UJohane wacabanga, “Awu, manje, ngethula uMesiya owayenembenge yaKhe yokwela esandleni saKhe, futhi Wayezohlambulula izibuya, futhi ayise ukolo waKhe enqolobaneni. Futhi ngabatshela ukuthi imbazo yayibekwe empandeni yomuthi, futhi Wayezothatha yonke imfucumfucu futhi ayishise. Futhi Nangu, esikhundleni senkulu, iNdoda enamandla kanjalo, nangu Eza emnene futhi ethobile. Kufanele ukuthi kukhona okungahambanga kahle ndawondawo,” wathi, “akukho kungabaza kodwa

kukhona okungalungile ndawondawo." Wayecabanga ukuthi kwakungalungile.

71 Uba nokushaqeka njengoba abaningi bethu benza. Lapho sibona izinto ziqhubeka ukuthi akusikho lokho esicabanga ukuthi kulungile nje, siba nokwethuka. Ningakhathali, kuzolunga.

72 Udeveli wambamba phakathi lapho, udeveli wacabanga, "Manje, sengimfake etilongweni manje, ngimphose etilongweni, ngakho-ke ngizomkhahla kahle ngisamfaka phakathi lapho. UNkulunkulu akamsebenzisi khona manje, ngimfake etilongweni, ngakho-ke ngizovele ngimembese lonke uhlobo lwengubo yokulala engingakwazi. Nginaye wonke efakwe esibiyelweni, ngifake ukhozi esibiyelweni, ngakho ngizo—ngizovele nje—ngizovele nje ngimenze afise sengathi ngabe akakaze alishumayele iVangeli."

73 Yileyondlela enza ngayo *abaningi*. Futhi maningi indoda elungile ekulesosimo esifanayo namhlanje. Kunjalo impela. Sicabanga ukuthi akusebenzi kahle, kodwa kusebenza kahle, yonke into ikahle.

74 Lapha ngolunye usuku, okuncane. . .Ngibona abantu abaningi kakhulu abangenayo, bathi, "Awu Mfowethu Branham, ngakhulekelwa i. . .A—a—angitholanga ukwehluka ngempela, awu, kukhona okungalungile." Qhabo, akukho. Akukho lutho olungalungile ngenqubo, akukho lutho olungalungile kuNkulunkulu, akukho okungalungile ngeBhayibheli, akukho lutho olungalungile ngoMoya oNgcwele, into yakho ingukuthi, kukhona okungalungile *ngawe*.

75 Yonke into yayihamba kahle, kwakunguJohane nje. Yilokho kuphela.

76 Ngakho kwakukhona inenekazi elehlayo ngoluny'usuku livela—livela eZion City, lingahle ukuba lilapha manje, cishe inyanga edlule. Lowo wesifazane omncane, umyeni wakhe omncane, izithandani ezincane ezinhle, futhi zehlela endaweni yami, futhi—futhi behla nabanye abangani bami abahle, uSimses, abavela enhla lapho eZion. Futhi bonke bangahle ukuba bahlezi lapha kulobubusuku ngokwazi kwami.

77 Futhi wayenengane encane, ngicabanga ukuthi yazalwa nonyawo lwayo lulenga *kanje* futhi—futhi yayingakwazi ukwehlisa unyawo lwayo. Futhi—futhi wathi nje, "Uma kuphela ngingabona uMfowethu Branham ebeka izandla zakhe phezu kwalengane, lolonyawo luzokwehla." Ngani, wayiphathela izicathulo ukuba izigqoke ekhaya nayo yonke into. Futhi yena, lokho ngukuthi, "Yebo, mnumzane."

78 Ngakho ngangikhuleka phezulu etabernakele e, noma, ngishumayela, kwase kuthi-ke lapho sengiqedile, ngangizama, ukwenza indlela yokuphumela komunye umhlangano futhi, noma, ngale eBloomington, e-Illinois, bese kuthi-ke, into

yokuqala niyazi, ngenkathi ngiqala ukusuka emsamo, ngikholwa ukuthi sasingena, sithatha ukugezana iziNyawo.

79 Si, siyakholelwa ekugezaneni iziNyawo, ngi—ngikholwa ukuthi lokho ngukuthi, iBhayibheli lifundisa lokho, futhi sifanele sikwenze aze Afike, futhi ngakho sizama ukugcina lonke iZwi Alisho. Futhi besikuqaphela lokhu ebandleni lethu, esihlala sinakho, iminyaka engamashumi amathathu manje.

80 Sasingena ukuyogezana iziNyawo, futhi—futhi indodana yami iyenyuka, futhi yathi, "Babayi, kukhona—kukhona abantu abavela eZion lapho," wathi, "bebebheke ukuba nomkhuleko wabagulayo kulobubusuku," wathi, "banengane encane leyo, lowo wesifazane uyakholwa uma ungake ukhulekele leyongane, lowomlenze omncane ubuyokwehla, inomlenze omubi."

Ngathi, "Ilethe lapha."

81 Futhi omncane, omuhle, umama omncane, uyenyuka wayesethi, "Ingane yami, Mfowethu Branham, sikholiwe, umyeni nami, ngenkathi ubeka izandla zakho phezu kwalengane, ukuthi umlenze uzoqonda ngqo, uzolunga."

Ngathi, "Ufuna ngithole umbono ovela eNkosini na?"

Wathi, "Qhabo, mnumzane, vele ubeke izandla zakho phezu kwayo."

Ngathi, "Kulungile, ngizokwenza lokho." Ngabeka izandla zami phezu kwayo, ngayikhulekela, ngaqhubeka ngangena ekamelweni.

82 Futhi ngosuku olulandelayo ngangiphandle ehhovisi. Ngenkathi ngihlezi phandle lapho futhi—futhi ngiphendula izingcingo, futhi—futhi ngenza umsebenzi othile lapho ehhovisi, imoto yenyuka, nenenekazi elincane laphuma, lona, nomyeni walo, futhi nampa beza, bathi, "Mfowethu Branham," bathi—bathi, "kukhona okungahambanga kahle."

Ngathi, "O, awu, niqonde ukuthini na?"

"Ngani," wathi, "u—umlenze wengane awukehli namanje."

Futhi ngathi, "Awu, lokho kuhlangene ngani nakho na?"

83 Futhi wathi, "Awu, ngi—ngi—ngikholiwe, Mfowethu Branham, ngikholiwe uma ungake ubeke izandla zakho phezu kwengane yami ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa." Wathi, "Ngikukholiwe." Futhi wathi, "Kukhona okungahambanga kahle ndawondawo." Wathi, "Mhlawumbe kungcono ube nombono ngakho."

Ngathi, "Qhabo. Qhabo. Akukho lutho olungalungile, qhabo, akukho lutho olungalungile, into kuphela engalungile nguwe." Niyabo? Ngathi, "Kukholwe nje."

Wathi, "Into eyodwa engizoyibuza: Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi kuyintando kaNkulunkulu ukuba ingane yami ikhubazeke na?"

Ngathi, "Angikholwa ukuthi yintando kaNkulunkulu."

84 Yena, "Yilokho kuphela ebengifuna ukusho." Washo waphuma lapho. Futhi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule bashaya ucingo, futhi manje, umlenze wengane usubuyele kokwejwayelekile, wehla. Ba. . . Niyabo, sithola ukuxakeka nje, yilokho kuphela, yonke into ihamba kahle, yonke into ihambisana nesikhathi nje.

85 Ngakho siyathola lapha ukuthi udeveli uzama ukwenza abantu bakholwe, noma, bangakholwa. Ngakho udeveli wayezama ukuthola uJohane ukuba angakholwa ukuthi WayenguMesiya. Ngakho wathola ababili babafundi bakhe ndawonye, wayesebathuma, wathi, "Manje, phumani futhi nithole noma yikuphi lapho Eshumayela khona, futhi lapho nithola, phumani bese niMbuza, 'Ngabe benginephutha na?'" Ungathini nje ngalokho na?

86 "Ngabe—ngabe bengi—ngabe benginephutha na? Ngabe Unguye Yena kanye na? Ngiyazi ukuthi isibonakaliso sasiqinisile, ngibone isibonakaliso sobuMesiya, ngangazi ukuthi lokho kwakulungile, kodwa—kodwa lesi *esimnene futhi sithobekile*, nakho konke *lokhu*, a—angikutholi, aku. . . Angikwazi ukukufanisa, angikwazi ukukwenza, ukuthola imali eyenele ukuphila ngayo."

87 Awufanele uthole imali eyenele ukuphila ngayo. Uma bengingakutshela yonke into, futhi ukwazi konke, futhi ngangikwazi konke, bekungeke kusaba ukukholwa. Noma yini engingayichaza ngokuphelele akusesikho ukukholwa. Ngoku*kholwa* usindisiwe. Ngoku*kholwa* uphulukisiwe. Kukholwe nje. Ungeke wakuchaza, kukholwe nje.

88 Ngakho wathi, "Hambani, futhi nibuze uJohane, noma, niMbuze, uma besifanele sibheke omunye. Kwakungokwami, ngabe ukukholwa kwami, ukuzethemba kwami nokwami—kwami. . . Ngibone lesosibonakaliso sobuMesiya phezu kwaKhe, futhi—futhi ngabe kade nginephutha na? Ngabe—ngabe ngixovekile na? Manje, ngabe kukhona okungahambanga kahle na?"

89 Manje, ngenkathi lababafundi befika kuJesu nalomlayezo womprofethi omkhulu, uJesu akazange athi kubo, "Manje, Ngizonitshela ukuthi Ngizokwenzani, Ngizonithumelela emuva incwadi ethize ukuba niyinike uJohane: *Ujabula Kanjani Etilongweni*." Qhabo, A—Akazange akusho lokho. Akazange—Akashongo ukuthi, "Ngizo—Ngizokunika incwadi ngokubekezela, futhi nitshele uJohane ukuthi abekezele kanjani ngenkathi esesetilongweni. Yi—yinto enhle, usetilongweni, futhi Ngiyazonda, ukumbona esetilongweni, kodwa Ngizomtshela ukuthi akwenze kanjani—kanjani, o, ukuba nje ajabule."

90 Qhabo, Akazange akusho lokho. Niyazi ukuthi Wathini na? Wathi, "Hlalani nje kuze kube ngumhlangano

wakulentambama. Hlala nje ngale, khona-ke ningahamba emva kwalokho. Bukani nje lomhlangano wantambama."

91 Futhi emva kokuba uJesu esebenomhlangano . . . Sengathi ngiyababona labobafundi bakaJohane, behlezi lapho, bebheka wonke umnyakazo Awenza, ngoba uJohane wayebafundise ukuthi lowoMesiya wayeyini, futhi wabatshela ukuthi kwakuyini, nalaba kwakungabafundi bakhe. Futhi baqala ukubona ukuthi kwenzekeni.

92 Ngakho-ke emva kokuba inkonzo isiphelile, khona-ke ngenkathi abafundi ababili bebuyela emuva ukuyohlangabeza uJohane, Wathi, "Hambani, nitshele uJohane ukuthi izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa, futhi wonke oza emhlanganweni umpofu. Bonke a—abantu abampofu uneVangeli elishunyayelwe kubo. Futhi nitshele uJohane ukuba angesabi, angacabangi noma yini ehlukile, Ngisohlelweni lwesikhathi ngqo, yonke into ihamba kahle, yonke into ilungile. Ngisohlelweni lwesikhathi ngqo. Hambani, nimtshele ukuthi kukhona inkonzo yokuphulukisa eqhubekayo, abampofu uneVangeli lishunyayelwe, amandla kaNkulunkulu ahamba phakathi kwabo. Ngisohlelweni lwesikhathi ngqo. Ninganaki lutho olunye. Ngisohlelweni lwesikhathi ngqo."

93 O, he! "Futhi, ubusisiwe, ongakhubeki ngaMi." Manje, ningakhubeki. Ngikholwa ukuthi baningi abantu abakhubeka kuJesu kunanoma yimuphi omunye umuntu owake waphila emhlabeni, bakhubeka ngokushesha kakhulu.

94 UJesu manje, kulombusiso obekwe ngokungafanele, wathi nyelele ngaleya ukuze sikwazi ukukuthola kulobubusuku, ngani, Wathi, "Ubusisiwe, ongakhubeki ngaMi. Ningakhubeki ngaMi. Akunandaba ukuthi kwenzekani, Nginguye, yonke into isebenza kahle ngohlelo lwesikhathi, ngakho nje—nje qhubeka futhi ukukholwe, yilokho kuphela, yonke into ilungile. Qhubeka nje futhi ukukholwe."

95 Niyazi, lapho, uJesu akazange amsole uJohane ngalokho. Akashongo ukuthi, "Awu, Nginamahloni ngomphostoli waMi; Nginamahloni ngomprofethi waMi." Qhabo, Akazange akusho lokho. Akashongo ukuthi, "Lizothini izwe ngalokhu, lapho uza ushumayela, 'O, uMesiya omkhulu kangaka, futhi uMesiya omkhulu kangaka,' bese-ke uthumela ukubuza ukuthi NginguMesiya na?" Akazange amsole.

96 Kodwa ngenkathi uJohane esho into embi kunazo zonke ayengayisho kuJesu, uJesu washo into enhle ukwedlula zonke uJohane ake ayisho ngaye. Yebo.

UJesu . . . uJohane wathi, "Hambani, nibone uma EyiLowo."

97 Futhi emva kokuba sebehambile, uJesu wathi, kubo, Wathi, emva kokuba abafundi bakaJohane sebehambile, wathi, "Naphuma ukuyobonani ehlane na? Naphuma ukuyobona umuntu ogqoke kahle . . . ?" Qhabo, wayekude kakhulu

neHollywood ngalokho. Ngakho wathi, "Naya ukuyobona umuntu ogqoke izingubo ezinhle na?" Wathi, "Bangabezigodlo zamakhosi." Wathi, "Naya ukuyobonani, u—u—umhlanga ukuthi nje noma yiliphi ihlelo lingawuphephetha noma ngayiphi indlela elifuna ngayo na?" O, qhabo. Impela akazange.

98 "Ngakho naphuma ukuyobonani na? Umprofethi na?" Wathi, "Yebo, naya ukuyobona umprofethi, futhi omkhulu, ungaphezu komprofethi." Wathi, "Lona yilowo-Eliya, lo nguye lowo okwashiwo ngumprofethi, 'Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.'" Wathi, "Ngiqinisile Ngithi kini, akaze abekhona umuntu ozelwe ngowesifazane omkhulu njengoJohane umBhaphathizi."

99 Akazange amlahle ngecala, Wayazi ukuthi wayegcotshwe ngomoya ka-Eliya, nalowomoya wawuphezu kwakhe, yilokho okwakwenzayo. Wayazi ukuthi yonke into yayihamba kahle, yonke into yayihamba ngokohlelo lwesikhathi.

100 UJohane, kungani wayemkhulu kuna—kunabo bonke abaprofethi na? Manje, uma ungowomoya, uzobamba okuthize. Kungani wayengomkhulu kunabo bonke na? Bonke abanye abaprofethi babe*khulume* ngoMesiya, kodwa uJohane waMe*thula*, waba nguye owaMe*thula*. Kuyoba njalo esikhathini sokuphela. Yonke into ihamba ngokohlelo lwesikhathi.

101 Ungakhubeki, kholwa nje. Namhlanje amabandla akhubekile kuYe. Amabandla ayakhubeka, abantu bayakhubeka, bonke baxakekile, abazi ukuthi bacabangeni, "Ukufunda ingqondo, enye into, nakho konke. . . " Qhabo, ningakhubeki.

102 Umlayezo wethu ngeSonto eledlule ubuzama ukunikhombisa ukuthi uNkulunkulu wenzani ku-Abrahama naseNzalweni yakhe emva kwakhe. Futhi sithole ukuthi, kuwo wonke umgamanxo Wathatha u-Abrahama, Wathatha iNzalo yaKhe, ngokulungisiswa, ngokungcweliswa, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngokubekwa kweNdodana, kwase kuthi-ke uNkulunkulu wafika esenyameni yomuntu, wafulathela ithende likaSara, wayesesho ayekucabanga enhliziyweni yakhe.

103 Ningesabi, Usohlelweni lwesikhathi ngqo. A-hha. Ulapha! Ungakhubeki kuYe. "Babusisiwe, ongakhubeki ngaMi." Ubelapha ukuba akhulume kulobubusuku, Ubeyosho into efanayo.

104 Usohlelweni lwesikhathi ngqo. Umprofethi wathi kuyobakhona isikhathi esingayikuba yimini kungabi ubusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya. Usohlelweni ngqo.

105 Usevele ufikile ngokulungisiswa, uNyaka kaLuther; ukuNgcweliswa, uNyaka kaWesley; UNyaka wePentecostal, usevele uzibekile iziphiwo zaKhe ebandleni; futhi manje,

wabonakala kithi enyameni yethu njengoba uJesu athi Uyokwenza.

106 Ningakhubeki ngaYe, usesikhathini ngqo. "Johane phuma kulelotilongo." Phuma kuleyonhlangano engakholelwa kukho. Susa izibopho zisuke emehlweni akho, uyindoda ekhululekile uma uzokukholwa. Usesikhathini ngqo. "Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa." Amen.

107 IziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya. Uyini Yena na? UJesu ofanayo. Ilanga elifanayo eliphuma empumalanga yilanga elifanayo elishona entshonalanga, iNdodana kaNkulunkulu yaphuma kubantu basempumalanga. Wenzani ukufakazisa kumaSamariya namaJuda ukuthi WayenguMesiya na? Ngokubakhombisa isibonakaliso, ukuthi WayengumProfethi uMose akhuluma ngaye.

108 Owesifazane ongumSamariya wafakaza into efanayo, ethi, "Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa UnguBani na?"

Wathi, "NginguYe."

109 Wagijimela emzini wayesethi, "Lona akusuye yini uMesiya impela na? INdoda ingitshele ukuthi yini ebingalungile ngami, engikwenzayo. Akuyena yini uMesiya lowo na?" Nabantu bakukholwa. Wakwenza lokho kumaSamariya nakumaJuda, kodwa hhayi kwabeZizwe, ngaphambi kokuba iVangeli liye kwabeZizwe Wayesevele ekhazimulisiwe futhi eseNkazimulweni.

110 "Kodwa kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Lenzani ibandla na? Lasuka langena ebuKatolikeni, lahlela ibandla; ULuther wase-ke edonsela ukulungisiswa, enzela iMbewu; kwase kuthi-ke uWesley uvela kuLuther, ukungcweliswa; kwase kuthi-ke amaPentecostal, futhi ahlela, futhi kwaqhubeka njalo njalo njalo, izinqubo zabo, futhi kwehle njalo.

111 Manje sifika ezinsukwini zokugcina, kuyini na? Kodwa ngesikhathi sokuhlwa, ngaphambi kokuba umzimba kaSara no-Abrahama bemukele indodana ethenjisiwe, Wafika, wahlala nabo, wakhuluma nabo, futhi wenza isibonakaliso phambi kwabo; noJesu wabhekisela kukho. Asikho ngemuva, ungabheki emuva kulokho uLuther akusho, okwashiwo nguWesley, bukani lokho uJesu akusho, bukani isibonakaliso lapho esikhona.

112 Ungabheki emuva, okushiwo ngomunye umuntu, buka ukuthi Wathini, WayenguYe, owakusho. Nelanga elifanayo eliphuma empumalanga, lishona entshonalanga. Kube nosuku olukhwantabele, impela belukhona, ukuKhanya okwenele ukubona ukuthi ajoyinwa kanjani amabandla futhi enze izinhlangano kanjalonjalo.

113 Kodwa lawomandla angempela nokubonakaliswa koBukhona bukaNkulunkulu akukaze kubonwe iminyaka ngeminyaka neminyaka. Sikuzwile, siyazi ukuthi kulapha, sibone iziphiwo zisebenza ngakho, kodwa lapho siMbona eza ngokubonakala phakathi kwethu, ngamandla eBandleni laKhe ukufinyelela phezulu emphethweni wengubo yaleyoNkosi futhi ayithinte, ehlisa ebuyisa amandla aKhe lapha, futhi akhulume ngabantu baKhe lapha futhi embule, eMenza uNkulunkulu, uNkulunkulu enathi! O, yebo!

114 Johane, uNkulunkulu uvula iminyango yetilongo kulobubusuku futhi akukhiphe. "Ubusisiwe, ongakhubeki ngaMi," hhayi ukufunda ingqondo, noma ukufunda ingqondo, kodwa amandla kaKristu ovukileyo, Ozofika masinyane.

Asikhuleke.

115 Nkulunkulu othandekayo, njengoba iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya, Kukhipha amehlo abaningi, kodwa abanye bayaKusebenzisa ukuba bahambe kukho. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kulobubusuku, ukuthi Uzonikeza iziNkanyiso zakusihlwa futhi, naku, lona abantu bakusihlwa, futhi kwangathi bangawabona amandla okuvuka kwaKho, ngokuba Washo, Wena uqobo, ukuthi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Futhi siyamangala ukuthi yimiphi imisebenzi Owayenza. Khona-ke siyathola kuJohane isahluko 5, ivesi 19, ukuthi Wena wathi, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala." Khona-ke Wakwethembisa lokho, siyazi ukuthi kuyiqiniso.

116 Manje, kanye futhi, Nkosi, futhi khona-ke sekuphelele. Futhi kwangathi abaningi boJohane ovalelwe namuhla etilongweni, abesilisa abakahle nabesifazane, abakwaziyo Wena njengoMsindisi wabo, futhi kade bemangala, O Nkulunkulu, kwangathi bangabona ukuthi Usohlelweni lwesikhathi ngqo, usesikhathini ngqo. Siphe khona, siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

117 Manje, ngaphambi nje kokuba sibe nokubizela kwethu e-altare, mina nje ukuba leyithi kancane kulobubusuku, futhi ngicabange ukuthi izolo ebusuku ngishumayelile . . . Ngizotshela uBilly impela ngiphumelele kulobubusuku. Ungitshele ukuthi bengingeke ngishumayele ngaphansi kwehora nohhafu, kodwa impela ngikutholile ngalesosikhathi, ngosizo lweNkosi.

118 Manje, ngikholwa ukuthi sikhiphe amakhadi omkhuleko izolo, noma, ngabe akhona awakhiphile namhlanje na? Noma, beliyimaphi na? Elokuqala kuya ekhulwini, ngikholwa ukuthi uwakhiphile izolo, bekungenjalo na? Bekuyini lokho na? O-A? O-A. Kulungile. Singaqala kuphi na? Sihambile, siqale kwelokuqala izolo, asizange na? Elokuqala? Awu, asiqale ngemuva kwabo. Asithathe, asiqale, sithole cishe, abambalwa nje phezulu lapha, ngoba isikhathi sethu sithola- . . .

Asiqale emashumini ayisishiyagalombili-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

119 Bangaki ongakaze abe komunye wemihlangano ngaphambilini na? Phakamisani izandla zenu. Bukani lapho nje, ingxenye yomhlangano. Uma uJesu Kristu . . . Bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu usevele ubaphulukisile abagulayo, usevele ubasindisile abalahlekile na? Manje, Ubengeke akusindise noma akuphulukise, Ubezokutshela nje ukuthi Usevele ukwenzile, ufanele ukukholwe.

120 Kodwa Wethembisa ukuthi imisebenzi Ayenza, siyoyenza nathi, futhi ikakhulukazi ngalesisikhathi sokuhlwa. Bangaki okwaziyo lokho, okholwayo ukuthi lelo yiqiniso na? Ngabe Lithi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade"? Impela nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kulungile. Uma Enjalo, khona-ke kwangathi Angenza ngaleyondlela.

121 Manje, nonke nina enisemgqeni womkhuleko, nimi lapho, lokho kuyaxaka kimi, ukuthi niyazi ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu, bonke abaziyo. Bonke.

122 Kulungile, nonke phandle lapho, nina bantu ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nifuna ukuphulukiswa, futhi niyazi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu, bonke abantu.

123 Wonke umuntu esakhiweni owaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu, ndawo zonke. Angicabangi ukuthi kukhona umuntu engimbonayo engimaziyo. Uma ngingaphosisi, lona ngumshumayeli wase-Arkansas, ohlezi khona lapha, ngiyakholwa. Lamalambu, niyabo, a—angikwazi ukumbona kahle kakhulu, kodwa ngicabanga ukuthi lowo ngumshumayeli ovela e-Arkansas.

124 Bangaki owaziyo ukuthi ngesinye isikhathi kwakukhona owesifazane oza emgqeni womkhuleko na? Kwakukhona inenekazi elingenayo, lathi enhliziyweni yalo, "Uma kuphela ngingathinta umphetho wengubo waleyoNdoda, ngizosinda," lalinomopho. Niyakukhumbula lokho na? Futhi wathi nyelele wadabula esixukwini, futhi wathinta, cishe *kanjalo*. Manje, ubungeke neze ukuzwe lokho. Futhi uyazi, Mfowethu Tommy, ingubo yangaphansi yomPalestine, ingubo ende enkulu, babegqoka ingubo yangaphansi ohlobweni lothuli, umgwaqo uluphakamisayo.

125 Manje, uma ethinte umphetho waleyongubo, wabuyela emuva ezethamelini . . . NoJesu wathi, "Ubani oNgithintile na?" Manje, leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. "Ubani oNgithintile na?"

126 Futhi uPetru waMkhuza, wathi, "Awu, bonke . . . kuyini . . . ngani, abantu bacabanga ukuthi kukhona okungalungile ngaWe. Ba, ngani, banjalo, wonke umuntu uyaKuthinta." Niyazi, "Halo lapho. Unjani, Mfundisi ohloniphekile na?" kanjalonjalo, niyazi, "Rabi."

127 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." Bangaki abaziyo ukuthi amandla ukuqina na? Impela. "Amandla aphumile kiMi. Kukhona oNgithintile." Futhi Waphenduka, wayelokhu ebuka phezu kwezethameli, waze Wathola lapho okwakukhona, futhi Wathi, wamtshela ngomopho wakhe owawusunqamukile ngenxa yokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe yiqiniso lelo na?

Awu manje, ngabe Yena, kulobubusuku, nina bazalwane abangabefundisi, esidla nabo kulokhu ukusa . . .?

128 Lomfowethu *lapha*, ngiyakholwa, ungumfowethu akhuluma ngaye ngazo zonke iziqu anazo e—e—esikoleni samaBaptisti, uDokotela, nePh.D., futhi angazi ukuthi yini konke, ubesitshela ngakho, kodwa wadingeka akhohlwe yikho konke, njengoPawulu, ukwazi uKristu.

129 Ngakho, manje-ke, kodwa umBhalo usifundisa ngale kumaHeberu ukuthi UngumPristi oMkhulu, manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Kunjalo. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kunjalo na? Awu, manje-ke uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubeyokwenza kanjani uma uMthintile na? Niyabo? Ubeyokwenza ngokufanayo, Abengeke na? "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini; kuze kube sekupheleni kwezwe; imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Ngabe kunjalo na? Futhi Wethembisa ukuthi lokhu kuyofika kubantu beZizwe, hhayi phansi kwedlule oNyakeni wamaLuthela, uNyaka kaWesley, kodwa ngesikhathi sokuphela kuyokwenzeka.

130 Manje, aniboni na? Usesikhathini ngqo, kuso ngqo, futhi khumbulani, lokhu sekuhambe kwajikeleza umhlaba. Ngakho sisekupheleni, akukho kungabaza, akungabazeki. Kodwa wena thinta ingubo yaKhe.

Manje, "Kuyini, Mfowethu Branham na?"

131 Akusimina. Futhi bekungeke kwenze lutho kimi uma ungakwenzanga. Ngu—nguwe, kakhulu nje kukho njengoba nginjalo. Kuzofanele kube ukukholwa kwakho okwenza okwaKhe . . . okuMthintayo, ukuze Ezokhuluma ngami. Kuyisiphiwo nje ukuba ngizinikele kuYe, ngiMnike nje amehlo ami, ingqondo yami, ulimi lwami, ubumina, manje, angazi namunye wenu, kodwa ngu—nguYe ekhuluma edlula lapho, niyabo. NguYe owenza lokho. Ngakho aku—akumina. Ngakho yini eyabangela ukuba kukwenze na? Angikwazi.

Wena uthi, "Mayelana nami, Mfowethu Branham na?"

Angazi.

"Mayelana nami na?"

132 Angazi, kodwa Uyazi, ngakho Mthinte, khona-ke Uyangisebenzisa nje, emuva. Ngakho, niyabo, nguwe nami

ndawonye, njengezinceku zaKhe. Futhi Uzazisa Yena uqobo kubantu baKhe, ukuthi Usesikhathini ngqo, Uhambisana ngqo nohlelo lwesikhathi, ncamashi nje, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, lapho iziNkanyiso zakusihlwa ziyokhanya khona.

Manje, Uma Ezokwenza lokho, bangaki abazoMthanda futhi baMkholwe futhi baMemukele na? UNkulunkulu akubusise.

133 Manje, Baba waseZulwini, konke okunye kusezandleni zaKho. Ngizinikela mina nalezizethameli kuWe. Udaba olulodwa nje luzokufakazisa, Baba. EGameni likaJesu Kristu, makwenzeke. Amen.

134 Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, ningabe nisasukuma, hlalani nithule. Hloniphani ngokuzithoba ngempela imizuzwana embalwa nje.

135 Manje, iZwi elilodwa elivela kuYe liyosho okungaphezu kwalokho ebengingakusho emashumini amahlanu, izikhathi zokuphila eziyikhulu, iZwi elilodwa nje elivela kuYe.

136 Manje, nina eniphandle lapho manje eningenakhadi lomkhuleko, noma ngabe nikuphi, noma ngabe isimo sakho siyini, vele uthi nje, "O Mpristi oPhakeme oMkhulu, mangiKuthinte. Futhi uMfowethu Branham akangazi, bese-ke Umphendulela ngakimi, futhi makangitshele ukuthi ngikhuleka mayelana nani, makangitshele ukuthi yini engalungile ngami, akangazi, lapha, o, into ethize engiyicabangayo, noma engiyenzayo, kumbe noma ngabe kuyini, makangitshele, ngizoKukholwa." Isizathu iBhayibheli lathi leyo yindlela nje Ayokwenza ngayo. Yileyondlela Yena *ayenza*, yileyondlela A*zo*kwenza ngayo.

137 Futhi niyabo, bangane, uma ngesinye isikhathi kwenza uJesu wazizwa ebuthakathaka, bekungenzani kimi, isoni na? Awusoze wazi size sihlangane esangweni enhla lapho, ukuthi ngi. . . yini. . .intengo iyini. Kodwa lokho ngukuthi, angikhonondi, ngibonga uNkulunkulu, niyabo; ukuze nje nizoqonda.

138 Awu, izinsuku, siyehla, futhi bakhipha amakhadi omkhuleko, bese kuthi-ke lapho, ngicosha lawomakhadi omkhuleko, ezansi evikini lonke lo—lokucosha amanye *lapha*, namanye *ngapha*, nasezansi *lapha*, ukuze kungeke, wonke umuntu angeke abuthanele ikhadi lomkhuleko lokuqala. Niyabo? Ngakho bona, bese kuthi-ke, umfana, ngaphambi kokuba awakhiphe, uyehla, futhi uma phambi kwezethameli, futhi exuba lamakhadi, uwaxuba onke. Ngiqagele nimbonile enza lokho. Kulungile.

139 Bese-ke ehla, uma ufuna elilodwa, ukunika elilodwa. Khona-ke umfana angeke athi, "Awu manje, ngimnike inombolo yokuqala." Akazi qobo lwakhe, uyawedlulisa nje, niyabo, awaxubanise, akunike, angahle akunike eleshumi, nolandelayo eceleni kwakho, elamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu.

140 Ngakho-ke, ndawondawo iviki lonke, ngigcina, ngizobiza kusukela emashumini amabili kuya emashumini amathathu, noma kusukela emashumini amahlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye, noma amashumi ayisishiyagalolunye ngibuyele emashumini amabili, noma ndawondawo kanjalo, noma yikuphi lapho iNkosi ekubeka phezu kwenhliziyo yami, ngoba, ngaleyondlela, ngani-ke, nomaphi nje lapho uMoya oNgcwele uholela khona ukubiza.

141 Kwenzeka ukuba kube yilobubusuku, ngalokho kuhola, lona wesifazane, owesifazane oyikhaladi, mina, indoda emhlophe. Ngiyisihambi kuwe na? Asazani na? Lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana na?

Niyabona manje na?

142 Manje, uma uMoya oNgcwele, usalokhu unguMoya oNgcwele owawukuKristu, ukithi kulobubusuku, uma lowo kunguMoya ofanayo, khona-ke Uzokwenza umsebenzi ofanayo. Uma lokhu kuyiqiniso, uMoya oNgcwele, khona-ke Uzokwenza umsebenzi kaMoya oNgcwele, Uma . . . Uzokwenza umsebenzi kaJesu.

143 Futhi ngaleyondlela ungaqiniseka, khona-ke, Ayeyikho emuva lapho, uyazi ukuthi Uyini manje. Ngakho asithathe uJohane oNgcwele isahluko 4, kwakukhona, ngenkathi Yena, engumJuda, wahlangana nowesifazane ongumSamariya, futhi Wakhuluma naye imizuzu embalwa ukubamba umoya wakhe, futhi khona-ke Wamtshela lapho inkathazo yakhe yayikhona. Wayesethi, "Mnuymzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto." Futhi washo kuYe *lokho*.

Futhi Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

144 Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?" Futhi bonke abantu bakholwa, futhi bonke, uJesu akazange akwenze komunye umuntu futhi, kodwa umuzi wonke wakholwa kuYe. Akazange aphulukise muntu, wavele wangena lapho nje, wazimemezela Yena uqobo. Owesifazane . . . NeBhayibheli lasho ukuthi umuzi wonke wakholwa kuYe ngenxa yobufakazi bowesifazane.

145 Manje, uma lowo bekunguJesu izolo, futhi Angeza enze into efanayo, njengentombazane yase-Afrika nendoda ye-Anglo-Saxon imi lapha, futhi uma Engembula kimi okuthize okuzele lapha, okuthize okwenzile, noma into ethize efana naleyo, uyazi—uyazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Impela ubuyokwenza. Bese kuthi-ke, uma Engakutshela obekuyikho, impela Angakutshela okuyoba yikho. Uyakukholwa lokho na?

146 Kubo bonke abantu abangamakhaladi lapha, abamhlophe nabo, nanoma yini okunye, niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? Kulungile.

147 Manje, uma noma yimuphi wenu bantu engakholwa ukuthi leli yiqiniso, futhi nikholwa ukuthi yinjulamqondo, angina Ph.D., woza lapha futhi uzenzele wena.

148 Ngilinde wena.

149 Khona-ke uma nesaba ukuza, kwemukeleni, noma nithule ngakho, niyabo.

150 Ngikusho lokho ngoba ngiholelwe ukuba ngikwenze. Kukhona into ethize eqhubekayo e—engaziyo ngayo.

151 Niyazi ukuthi kukhona okwenzekayo *lapha*, futhi. Enye yezinkathazo zakho ukwethuka, ukwethuka ngokwedlulele ngempela.

152 Nakho kufika, "Ukuqagelile." (Selokhu, ukuthola kahle lokho na?) Bengingathi, "Omunye laphaya unovalo, omunye, iNkosi isho okuthize," kodwa *ubani* lowo omunye na? *Lona* yilowo omunye.

153 Yima. . . Nje unomoya omuhle, siyabona ukuthi lona unjalo. Ukwethuka na? Unenkathazo ngehlombe lakho futhi. Kunjalo. Unenkathazo yenhliziyo futhi. Ngabe kunjalo na? Unomthwalo enhliziyweni yakho. Ngabe yiqiniso lelo na? Kumayelana nomfana. A-hha. Usesikhungweni, esibhedlela, ukhuleka mayelana naye. Ufuna mina, ngikutshele ukuthi wena ungubani na? Nkk. Richardson, hamba, kholwa.

154 Awusoze wazi ukuthi lokho kwenzani kimi, kubulala khona impela ukuphila. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, nonke.

155 Sawubona, mnumzane na? Siyizihambi komunye nomunye, siyizo, kodwa uJesu usazi sobabili futhi usondle sobabili. Uma uNkulunkulu ezongazisa nje ukuthi umeleni lapha, ukuze ngingadingeki ukuba ngingene emininingwaneni kakhulu. Niyabo, wonke, unomugqa wonke umi lapho, nabanye phandle lapho bekhuleka. Niyabona ukuthi kwenzani kimi.

156 Kodwa uma nje Ebeyongitshela okuthize ngawe, ubuyokholwa na? Kusobala, enye yezinto ofuna ukuyikhulekela ngamehlo akho, kusobala, ufake izibuko, noma ubani angakubona lokho.

Akusikho konke lokho okuyinkinga ngendoda. Kukhona okunye, ngoba unethunzi phezu kwakhe ekufeni, amehlo akhe abengeke akwenze lokho.

157 YiTB, isifo sofuba, ube nokuhlinzwa kwakho, akuphumelelanga, akwenzanga njengoba bekufanele kwenze. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa manje, kuzolunga na? Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

158 Ubungakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu futhi wakuphulukisa na? Uzo. . . Uyokwenza na? Khona-ke hamba

nje uqhubeke, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” Leso silonda sasemathunjini sizolunga.

159 Angikwazi. Siyizihambi omunye komunye. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi Wangithuma njengesithunywa eBandleni ngalolu izinsuku zokugcina, ukuveza lomBhalo futhi anikeze isiphiwo na? Hhayi ngoba kwakuyimi. Hhayi ngoba Wayefanele athole, Waye...Cishe Yena, ngokwejwayelekile uthola umuntu othize, akazi lutho, ukuze Azikhombise Yena uqobo. Niyabo? Uyakholwa ukuthi lezizinto engikhuluma ngazo ziyiqiniso ngomBhalo na?

Ubonakala egcwele kakhulu usizi yisona sizathu ngi—bengikhuluma naye umzuzu.

160 Yebo, kunjalo, into yokuqala ingeyakho uqobo, ube no—ukuhlinzwa. Futhi lokho kwakungeyesifazane, inkathazo yamanenekazi, ukuhlanzeka kwalo lonke ingaphakathi lezitho zabesifazane kwasuswa. Kodwa ku—akuhambanga ngendlela, kwenze okuthize. Manje, umzuzwana nje. Kuyi...i doc-...kuqubukile, kwaqubuka futhi wadingeka ukuba ubuye, wadingeka ubuyele emuva.

161 Kodwa okwakho—kwakho, lokho akusilo ngempela usizi lwakho. Usizi lwakho lumayelana nomntwana, ngumntwana wakho. Futhi ku—kube nesifo esithize, noma into ethize engalungile, iTB. Futhi manje kunohlobo oluthize olufana namalumbo abuthakathaka, kunjalo. Unomunye okhathazwa nguye, futhi unenkathazo yendlebe. Kunjalo. Igama lakho unguNkk. Smith. Hamba, kholwa yiNkosi futhi kuzoba njalo...?...

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Nje—nje yiba nokukholwa, kholwa.

162 Sawubona, nenekazi? Siyizihambi komunye nomunye. A—angikwazi. Ngokwazi kwami, angikaze ngikubone empilweni yami, futhi sihlangana nje lapha okokuqala. Uma ngi—uma bengingakwenzela okuthize futhi ngingakwenzi, khona-ke bengiyoba ngu—bengiyoba ngumuntu omubi, angi—angi, bengingefanele ngime emva kwepulpiti lapha njengomfundisi.

163 Futhi ngi—bengingeke ngikusize. Futhi ukuba Ubemi lapha qobo lwaKhe, futhi egqoke lezizingubo Angipha zona, Ubengafakazisa kuphela ukuthi UbenguMesiya owakwenzela khona, kodwa ubuyofanele ube nokukholwa ukuthi Wakwenzela khona, noma ku—bekungeke kusebenze nakanjani. Akunjalo na? Kodwa uma Ubeyoma lapha futhi akutshele okuthize, ukuthi iyini inkathazo yakho, noma lokho okwenzile, lokho obungafanele ukwenze, noma okuthize ngakho, khona-ke ubuyoba nokukholwa ukukukholwa, ubungeke na?

Ngabe lokho bekuyovusa ukukholwa kwezethameli manje na? Uyafiphala kimi.

164 Awu, ube nengozi, kwakukhathaza ekhanda. Futhi khonake unenkathazo ohlangothini lwakho lwangakwesokunxele. Kunjalo. Izifo ezelakanyanayo, izinto eziningi kakhulu ezingalungile. Yiqiniso lelo. Yebo, mem. Uma uNkulunkulu ebengangitshela ukuthi ungubani, bekungakusiza na? Nkosazana Terry. UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na?

Uphulukisa inkathazo yenhliziyo, Akaphulukisi na? Uyakholwa ukuthi Uyakwenza na? Qhubeka nje uthi, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu othandekayo, ngiyabonga." Yebo, mnumzane.

Uyakholwa ukuthi Uyasiphulukisa isifo samathambo futhi asindise abantu na? Kulungile, woza nje, kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. UNkulunkulu akubusise.

Inkathazo yamanenekazi nenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Kulungile. Hamba ngqo endleleni yakho uthokoza, uthi, "NgiyaKubonga."

Usemncane ukuba ube nesimo sokushodelwa yigazi, kodwa uyakholwa ukuthi Uyalithekelisa igazi na? Hamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Hamba, ukholwa.

Amankanka nakho konke, o, uyakholwa ukuthi Uyakuphulukisa na? Hamba nje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

165 Uzofanele ube nokuhlinzwa kwalesosimila, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa ngaso na? Kulungile, kulungile, hamba nje uqhubeke ngendlela yakho uthokoza, uthi—uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

Woza. Woza, nenekazi. Uyakholwa ukuthi Uphulukisa ukwethuka na? Kulungile, hamba ngendlela yakho uthokoza, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Amen.

Ukuba-ke bengingashongo lutho kuwe na? Ubungangikholwa noma kanjani na? Woza lapha. EGameni likaJesu, kwangathi angaphulukiswa. Hamba, ukholwa.

Woza. Umzuzwana nje, umzuzwana nje, kukhona okwenzekile ndawondawo.

Ngabe labobantu abedlula lapho, ubesemgqeni womkhuleko, bebuyela emuva lapho na? O, yebo. Lokho kungahle kube yilokho . . .

166 Mnumzane, ohlezi khona emuva lapha ohlwini, ohlezi khona lapha engibuka, uphethwe yinkathazo yendlala yesinye. Yebo, mnumzane. Uhlezi lapho, yebo, mnumzane. A-hha. Ya. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Awulidingi, ukukholwa kwakho kukuphulukisile.

167 Lona wesifazane wesibili ukusuka lapho, ngumkakho. Kunjalo. Nginibona nisekhaya ndawonye. Futhi uhlushwa

yinkathazo ngesibindi sakhe. Kunjalo. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

168 Lelonenekazi elihlezi lapho, eceleni kwakho, linento ethize engalungile olimini lwalo. Uyakholwa, nenekazi na? Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Hamba uye ekhaya.

169 Wena, ohlezi ekugcineni phandle lapho, uthini ngawe na? Nakho Kuphezu kwakho manje, unenkathazo yesinye. Kunjalo. Kulungile. Uyakholwa na? Kulungile, hamba uye ekhaya futhi uphile.

Uyakwemukela na? Bathinteni na?

170 Lapha—lapha kuhlezi indoda eqale ukukhala, ihlezi khona emuva lapha, lendoda, yilowomfo osemncane. Manje, leyondoda, angikaze ngiyibone empilweni yami. Kodwa lalela, ndodana, unenkathazo yesisu. Kunjalo. Kodwa ubukhuleka, uMoya wehlela phezu kwakho, umuzwa omangalisayo ngempela. Uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Angikwazi. Ngabe yilokho okuyinkathazo ngawe na? Vayizelisa isandla sakho. Kulungile, uphulukisiwe. UJesu Kristu uyakusindisa.

171 Lelinenekazi elihlezi khona emuva lapho, liphethwe yisithuthwane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, akuphulukise na? Uyakukholwa na? Uma uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho, lawomalumbo azosuka kuwe, ungeke usaba nawo. Kukholwe.

172 Inenekazi elincane, lihlezi lapho, lingibuka ohlangothini liphakamise isandla salo *kanje*, kukhona okungalungile ngeqakala lalo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kulungile, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho.

173 Lelinenekazi elimi lapha eliphakamise isandla salo, usukulungele ukuhlinzwa, lesosimila esidala, kodwa uNkulunkulu uzosikhipha, akusindise. Uyakukholwa na? Hamba, ukukholwe.

Lona wesifazane onomusa, enebhande elimhlophe ekhanda lakhe lapha, inenekazi eliyikhaladi, inkathazo yenyongo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na?

174 Kuthiwani ngawe osesihlalweni esinamasondo na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uzofa uhlezi lapho. Unethuba elilodwa lokuphila, njengoba babenjalo abanochoko, ababehlezi esangweni laseSamariya. Angeke ngikuphulukise, Dadewethu, angisuye umphulukisi. Kodwa lawomaSamariya, athi, "Uma sihlezi lapha, sizofa, uma singena emzini, sizofa. Ngakho ithuba kuphela esilitholile ngukuba siye ekamu lesitha, uma besibulala, sizofa noma kanjani, kodwa uma besisindisa, sizophila."

175 Babenethuba elilodwa ezigidini. Awunalo lolohlobo lwethuba, uyamenywa, kulobubusuku, eKhaya likaNkulunkulu

onothando ngempela. Sukuma ume ngezinyawo zakho manje. Hamba, uhambe noma kunjani.

176 Asisukume futhi sikholwe yiNkosi uJesu Kristu. Sukumani. Uma nizoMkholwa, sukumani nime ngezinyawo zenu, eGameni likaJesu Kristu, futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu. Amen.

(Thatha ukubizela e-altare.)

